# *Ukuchaza INkonzo*

Ngiyabonga, Mfowethu Demos.

2 Anginamsebenzi phezulu lapha, noma ukuthatha isikhathi sikaMfowethu Brown nabanye, kodwa ngiyalithokozela ithuba lokuba sePhoenix. Futhi kungukuthi, ayikho indlela kimi ukuba ngizwakalise ukuthi ngizizwa kanjani ngakubantu lapha ePhoenix, obuthene phakathi: njengoba ngenza kubantu ndawo zonke. Nenhlanganyelo esibe nayo kuleliviki, noma, ngeviki eledlule, njalo, phakathi kwalawomabandla phandle lapho, ngifanele ngivakashele amabandla ayishumi ehlukene, izinhlangano ezintathu noma ezine ezehlukene, nenhlanganyelo phakathi kwabazalwane ngempela yayinkulu kakhulu. Ngiyakhumbula ngenkathi uMfowethu Williams edlula, ngikholwa ukuthi wayehla nje evela kwaMayo, futhi saba nesikhathi ndawonye.

3 Manje, ngikhuluma ngalengqungquthela, futhi ngikhulume izikhathi eziningi neBusiness Men, omunye washo ngesinye isikhathi kimi, wathi, "Heyi, ungumshumayeli. Unamsebenzi muni nosomabhizinisi na?"

Ngathi, "Ngingusomabhizinisi."

Futhi wathi, "Nhloboni yebhizinisi okuyo na?"

Ngathi, "Umshwalense . . . Isiqiniseko. Umshwalense wempilo." Uma noma ubani ekhathalele ipholisi yomshwalense, ngithanda ukuxoxa ngayo nawe emva kwenkonzo.

4 Umsebenzeli womshwalense, ngesinye isikhathi ufika endlini yami, futhi sasingabangane abakhulu ndawonye, saya esikoleni, futhi igama lakhe nguWilmer Snyder, angahle ukuba uhlezi lapha kulobubusuku. Ngakho wathi kimi, wathi, "Billy, ngithanda ukukunakisa ipholisi yomshwalense."

5 Awu, ngaba nomuzwa omncane oxakile ngakho. Futhi ngi . . . Hhayi ngaye, kodwa nje lokho ukufaka umshwalense impilo yami, sekuvele kufakwe umshwalense. Ngakho ngathi, "Wilbur," ngathi, "Anginawo umshwalense *onjalo*, angicabangi." Ngathi, "Ngine, ipholisi yomshwalense owodwa," futhi ngathi, "Ngikholwa ukuthi lokho kuzokwanela."

Futhi wathi, "O, usuvele unawo umshwalense, Billy na?"

Ngase ngithi, "Yebo, ehhe."

Nomkami wangiqalaza sengathi uthi, "Kwenzekeni kuye na?"

Futhi wathi, "Ube ne . . . Nhloboni yomshwalense onayo, Billy na?"

Ngathi, "Isiqiniseko esibusisiwe, uJesu ungowami."

Futhi wathi, "Billy, lokho ngeke kukufake phezulu lapha emathuneni."

6 Ngathi, "Kuzongikhipha, angikhathazekile ngokufika lapho, qhabo, qhabo." Angikaze ngikhathazeke ngokufika lapho, ngizoba lapho, kuyaphuma nje.

7 Ngakho lepholisi yomshwalense engikhuluma ngayo . . . Ngakho ngingusomabhizinisi, ngijabule kakhulu ukuzihlanganisa nalababantu one . . . uphethe ipholisi yomshwalense efanayo yokuPhila okuPhakade.

8 Futhi manje, izolo bekungokokuqala ukuba ngike ngizame ukubona ukuthi uMoya oNgcwele uzokhuluma kwenye yalezizingqungquthela. Futhi ngizonitshela ukuthi kungani. Silapho nje siziphumulele, futhi simemeza, futhi siqhubeka nabo bonke abanye, sinesikhathi esimnandi, futhi kuthi ukuba nzima ngaleyonkathi, ngokwejwayelekile, ezinkonzweni ezinjalo, angidli, mhlawumbe, usuku noma ezimbili, ngingene enkonzweni futhi ngime lapho. Kuyinto eyimfihlakalo, nokho, ngiyazi ivela kuNkulunkulu, ngiqinisekile ngalokho, ukuthi ivela kuNkulunkulu.

9 Njengomfana omncane, ngenkathi ngizalwa okokuqala, niyifundile indaba yami, ukuthi lokho kuKhanya kwakulenga kanjani phezu kombhede omncane lapho engazalelwa khona. Umama wami, ubaba, babengazi lutho ngokuthi Kwakuyini. Futhi kamuva, ngenkathi ngisengumfo omncane nje, Kwakhuluma kimi futhi kwathi, "Ungalokothi uphuze," Khona nje . . . , "noma ubheme, noma uzingcolise noma ngayiphi indlela. Kunomsebenzi ofanele uwenze uma usukhulile." Kwaqhubeka. Futhi abantu bakithi bacabanga ukuthi mhlawumbe . . .

Ngenkathi imibono kuqala iqala ukugqashuka phambi kwami, ngani, ngangihamba ngitshele umama wami, "Uyazi, ngi—ngabona i—into *ethize-thize* yenzeka."

Wayethi, "Billy, uye kolala."

"Qhabo, mama, angiyanga ukuyolala." Futhi sizothola ukuthi, kwenzeka nje ngaleyondlela impela.

10 Futhi, bangane bami abangamaKristu, asazi neze ukuthi usikhathi sini umhlangano wethu wokugcina. Uma sihlangana lapha ngonyaka ozayo, ngithemba ukuthi sizokwenza, kodwa akungabazeki ukuthi abanye bethu ngeke babe lapha, sizodingeka siqhubeke ngaphambi konyaka ozayo, eqenjini lalababantu abaningi, lapho okukhona khona ukugula, nabantu asebekhulile, kanjalonjalo. Futhi sonke sifanele sihlangane nobufakazi bethu futhi Lapho, ngakho sifanele sibe qotho.

11 Ngikuthokozele okushiwo nguMfowethu Ford emizuzwaneni embalwa edlule, "Yinye kuphela iNto eqinisile, futhi leyo yiZwi likaNkulunkulu." Kunjalo impela, hlala naLokho ngqo; khona-

ke, "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikuthandayo."

12 Manje, nansi indlela okuhlale kubonakala ngayo kimi, bangane: ukuthi, uma uNkulunkulu wayelokhu enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu, futhi uma Engaligcini iZwi laKhe, khona-ke kukhona, akulutho kuLo.

13 Njengomfo osemncane, ngesinye isikhathi, wahamba waya ekolishi ukuyofundela ukuba ngumfundisi. Futhi ngenkathi esahambile, umama wagula ngamandla, futhi wathumela ekolishi ukuba umfana abuyele ekhaya, ngoba babecabanga ukuthi umama wayezofa, kwase kuthi-ke ngokusa okulandelayo, kufika enye ithelegramu, yathi, "Ukahle."

14 Cishe emva konyaka, umfana wavakashela ekhaya, wathi, "Mama, ngingathanda ukwazi ukuthi udokotela wakwenzelani, nokuthi wayengubani udokotela. Lolo kwakuwudaba olushesha kunazo zonke lwenyumoniya engake ngazi ngokuphiliswa."

Wayesethi, "O, Ndodana," wathi, "kwakungesuye udokotela," wayesethi, "futhi, KwakunguDokotela."

Wathi, "Kwakungubani igama lakhe na?"

Wathi, "UDkt. Jesu."

Futhi wathi, "Ngani, usho uJesu, uKristu na?"

Wathi, "Yebo." Wathi, "Uyazi lapho lesosigejane esincane sabantu ezansi lapho eceleni komgwaqo, sinaleyo mishini encane na?"

"Yebo."

15 Wathi, "Babebambe, behlangana lapho ngobunye ubusuku, futhi babenomhlangano womkhuleko. Nodokotela wangitshela ukuthi angeke ngisinde, mina, sekuhambe kakhulu." Futhi wathi, "Bathi bazizwe beholeleka ukuba benyukele lapho futhi bangikhulekele." Futhi wathi, "Uyazi ukuthini, Ndodana na?" Wathi, "Udumo kuNkulunkulu, uJesu wangiphulukisa."

Futhi ngakho umfana wathi, "Mama, *chi*, *chi*, *chi*, *chi*, inhlekisa. Ngani, uziphatha ngisho njengabo. Awufanele wenze lokho."

"O," wathi, "kodwa, Ndodana, kuseBhayibhelini ngqo." Wathi, "Bangifundela khona eBhayibhelini ngqo."

16 "Ngani," wathi, "Mama," wathi, "wena—wena . . . Lokho—lokho akulungile." Wathi, "Labobantu abafundile, abaliqondi iBhayibheli." Wathi, "Sifunde lezozinto ekolishi." Wathi, "Abaqo- . . ."

Wathi, "Ndodana, awume kancane nje, ngikumake phansi." Waya ngale wayesefunda uMarku 16, "'Nibeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda.'"

"O," wathi, "Mama, uyaqonda ukuthi safunda ekholiji uMarku 16 kusukela evesini 9 kuqhubeke akaphefumulelwe ngisho."

Wathi, "Haleluya! Haleluya!"

Wathi, "Mama, yin'indaba ngawe na?"

Wathi, "Bengicabanga nje, uma uNkulunkulu ubengangiphulukisa ngeZwi *elingaphefumulelwe*, Angenzani ngaLelo eliphefumulelwe ngempela na?"

Ngakho, Mfowethu Ford, ngikholwa ukuthi Liphefumulelwe lonke, futhi Lingokwalokho-ke.

17 Sengicishe impela ngashiya insimu enkonzweni, ngoba inkulu kakhulu ngasekhaya, abantu bavela ndawo zonke. Futhi akukho lutho. . .Ngeke ngakhiqiza umbono, kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho.

18 Kodwa ake si. . .Bangaki kini bantu abake basibona lesosithombe na? Sebekuthathile manje izikhathi eziningi. Ngiqagele kunamakhulu phakathi lapha onalo, ofike eWashington, DC, nge—ngengubo ka J. Edgar Hoover, uGeorge J. Lacy we FBI imilobo yeminwe nephepha. Sekuthathwe izikhathi eziningi. NgukuKhanya okuncane, okuthi akube *kukhulu kakhulu* nxazonke, ukuKhanya okuphuzi, kuvutha. Futhi yiLowo owayehlala njalo ekhuluma nami.

19 Futhi ake nje sihlole emuva. Uma lokho kungesikho ngokomBhalo, khona-ke kuyeke kanjalo. Uma ngike ngisho noma yini ebukhoneni benu, njengeMfundiso noma imfundiso, engekho eBhayibhelini, khohlwa yikho, ngoba akulungile. Futhi uma noma iyiphi iNgelosi, angikhathali ukuthi ibukeka iyiyo ngempela kanjani, nokuthi iphefumulelwe kanjani, uma ikhuluma okuphambene neZwi likaNkulunkulu, iyekeni, ayisiyo ekaNkulunkulu. KwabaseGalathiya 1:8 kwathi, "INgelosi evela eZulwini ishumayela noma iyiphi enye imfundiso kunalena, kungukuthi, osekufundisiwe, mayibe ngeqalekisiweyo." A—asithathi lutho kodwa nje lokho uNkulunkulu. . .

20 Manje, sithola ukuthi eBhayibhelini, ngenkathi uNkulunkulu ehola abantwana bakwa-Israyeli banqamula ihlane. . .Manje, angithathi isikhathi sikaMfowethu Brown, ngiyethemba. Kodwa lapho. . .Ngiyazi ukuthi kul'khuni, ngihlezi lapho ngaphansi kobunzima. Nomfundisi ufanele abe segumbini ndawo ndawo, futhi ahambe ngqo phambi kwebandla lakhe, ebumnandini bukaNkulunkulu, futhi—futhi eyedwa efundisisa; futhi ngiyazi ukuthi kul'khuni.

21 Ngakho ngenkathi uNkulunkulu ehola abantwana bakwa-Israyeli bephuma eGibhithe. . .Khumbulani iNgelosi yesiVumelwano yayiyiNsika yoMlilo, sonke siyakwazi lokho, Leyo kwakuyiNgelosi yesiVumelwano, futhi siyazi ukuthi Leyo kwakunguJesu Kristu. Futhi sithola ukuthi uMose washiya

iGibhithe, ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo uFaro ayengamnika yona eGibhithe.

22 Siyathola ngenkathi leNgelosi ibonakaliswa, ukuthi YayiyiNdodana kaNkulunkulu. Wema emhlabeni, siyayazi imisebenzi Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Sithola ukuthi eyaKhe. . .Wayezoba nguMesiya, noMesiya wayenesibonakaliso esasizolandela uMesiya, futhi leso kwakuyisibonakaliso somprofethi, njengoba u-Israyeli wayehlale efundiswa ukuba akholwe abaprofethi bakhe. Ngenkathi Elapha Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

23 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku, futhi esendleleni yakhe ehla, washaywa walahlwa phansi ngukuKhanya, iNsika yoMlilo. Manje, khumbulani, kuqala YayiyiNsika yoMlilo, yase-ke yenziwa inyama, yase ibuyela kuNkulunkulu, futhi manje, lapha uPawulu uyaYibona. Akukho namunye wabo owaYibonayo, uPawulu nje.

24 Niyazi, ungabona izinto izikhathi eziningi abanye abangenalutho, abangakwazi nhlobo ukukubona. Lawomabutho, noma ngabe kwakungubani, abalindi bethempeli ababenoPawulu, abakubonanga lokho kuKhanya, kodwa Kwakuyikho ngempela kuPawulu Kwaze kwakhipha amehlo akhe. NoPawulu wamemeza, wathi, u. . .Kuqala, iPhimbo lasho livela eNsikeni yoMlilo, lathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Futhi wathi, "UnguBani, Nkosi na?"

Futhi Wathi, "NginguJesu, futhi kul'khuni kuwe ukukhahlela ameva." Bangaki abake bakufunda lokho na? Impela.

25 Khona-ke Wayekade eseMoyeni, ebonakaliswe enyameni ukususa isono, uNkulunkulu, wabuyela kuNkulunkulu, uMoya. Futhi manje, ngenkathi bethatha lesisithombe namhlanje, kanye nathi, abantu beNkosi, futhi YiNsika yoMlilo efanayo.

26 Manje, indlela kuphela Engafakaziswa ngayo ukuthi YiNsika yoMlilo efanayo: Iyokwenza imisebenzi efanayo uma KuyiNsika yoMlilo efanayo, uMoya kaNkulunkulu. UJesu wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona. Ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." AmaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje-ke uma loMoya ungavezi ukuPhila kukaKristu, khona-ke Awusiwo uMoya kaNkulunkulu.

27 Manje, uma ngime lapha nezibazi zezipikili esandleni sami, ne—nemilobo ye, lonke ikhanda lami lapha nge. . .emqheleni wameva, futhi nganitshela ukuthi uMoya kaNkulunkulu ubukimi, lokho bekungeke kukwenze kube njalo. Izandla zami bezingaba nezibazi ngempela, lokho bekungeke kube

ngubufakazi obubonakalayo, kodwa lapho ungathi uMoya kaNkulunkulu ukithi, khona-ke imisebenzi kaNkulunkulu izobonakaliswa empilweni yakho.

28 Ngamany'amazwi, uma isihlahla, uma umvini . . . UngumVini, uJohane oNgcwele 15, singamagatsha. Manje, umvini awutheli izithelo, ngamagatsha, kodwa uthola amandla awo emvinini. Manje uJesu akanazo izandla emhlabeni kodwa ezakho nezami, Akanawo, noma yimuphi umlomo emhlabeni kodwa owakho nowami, khona-ke siba namandla ngoMoya kaKristu, futhi uma ukuPhila okuseMvinini kusegatsheni, igatsha lizoveza izithelo eziseMvinini, impela, siyakwazi lokho, izikhathi eziningi, amakhulu abantu, bevela ndawo zonke, bevela kuzo zonke izizwe.

29 Manje, ngaphambi kokuba ngihlale phansi, ngithanda ukusho lokhu: Izikhathi eziningi abantu beza kanje: Kukhona indoda phakathi lapha ndawondawo kulobubusuku, ngokufanele, ikhuphukela ekhaya, esikhathini esingeside esedlule, ukuninika umfanekiso omncane nje, uMfowethu Welch Evans, ngicabanga ukuthi ulapha. Ukhona, Mfowethu Evans na? Phakamisa isandla sakho uma ukhona. Ya, *ngapha* ngasodongeni. Uyafika, ushayela cishe amamayela angamakhulu ayisikhombisa, ukuya ngapha, njalo ngeSonto, uma ngizokhuluma etabernakele. Cishe impela amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu uhambo ngamaSonto, aqale ngoMgqibelo, ahambe, abuye ngoMsombuluko noma ngoLwesibili.

30 Wayenestishini wagoni entsha, wayiletha eLouisville. Futhi bane, babenesiyingi esikhulu sokweba eLouisville. Futhi ba—babentshontsha izimoto, baziyise eBowling Green, cishe amamayela ayikhulu neshumi nesishiyagalombili ngezansi, bazigijimisele esitolo sokupenda, bazipende, bazixoshe. Futhi awudingi ukuba netayitela lokuthengisa imoto eKentucky, basusa inombolo kwibhlokhi futhi bakwenzele itayitela. Futhi, o, kwakuyisiyingi esibi kabi.

31 UMnu. Evans, engakwazi lokhu, ungena e, eKhefi likaMiller, washiya imoto yakhe ivuliwe, wangena ekhefi; wabuya waphuma, isiqophamazwi sakhe, izingubo zabo, imoto yabo nakho konke, kwakungasekho, yena noMfowethu Fred Sothmann.

32 Kwase kuthi-ke, babonisana, babengazi ukuthi bazokwenzenjani, base bethi, "Asenyukele kwaMfowethu Branham." Benyukela lapho endlini.

Ngathi, "Awu, angazi. Sizokhuleka nje."

33 Manje, ningahle nicabange ukuthi lokhu bekungaba yiphutha, kodwa ngiguqa phansi, ngikhuleka, angikwazi ukukwenza kwenzeke, uNkulunkulu ufanele akwenze. Angikulawuli, kuyangilawula. Niyabo?

34 Ngase-ke ngibona imoto emgwaqeni, iya ngaseBowling Green. Umfo osemncane wayeyishayela, wayegqoke ijakhethi ye-ovaloli, enothayi onsundu. Ngaqala ukukhuleka, njengoba nje umbono wawunjalo indoda yaphenduka emgwaqeni, indoda yayikade—yayikade ingumKristu, noMoya oNgcwele wayimisa, wayiphendula, futhi ngayibona lapho eyapaka khona imoto, ngatshela uMnu. Evans, "Hamba uye endaweni *ethize-thize*, futhi uzothola imoto yakho lapho. Futhi usanda kugcwalisa ithangwe lakho."

"Yebo."

"Izocishe ibe ikota, ngoba ishayele cishe amamayela ayikhulu kuyo."

35 UMnu. Evans waphenduka, waphuma endaweni, ngambamba lapho isikhashana waze wafezeka umbono. UMnu. Evans, esendleleni yakhe ephumela kwaMnu. Sothmann, khona impela eceleni komgwaqo, evela eLouisville, yonke indlela ngale ukuya eJeffersonville, ngaphesheya komfula, wapaka imoto ku*leyo*ndawo ngqo, futhi wayehlezi lapho nezihluthulelo, futhi, kuyo, eselungele. Ngabe kunjalo, Mnu. Evans na? [UMfowethu Evans uthi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Umkhuleko.

Ngifuna ukukutshela, awudingi ukuba ubone umbono, kodwa nje khuleka. Niyabo? UMoya oNgcwele wayilahla ngecala indoda futhi wayiphendula.

36 Into efanayo yenzeka ezansi lapho, ngenkathi le... iMexico, mayelana nengane encane lapho, ingane encane efile ngalobobusuku, umama omncane enganginitshela ngaye, umoya wayo wawusuhambile. Into efanayo iNkosi yethu eyayenza ngenkathi Ilapha emhlabeni, ngenkathi umoya kaLazaru wawunezinsuku ezine ndawondawo, kodwa ngoMoya oNgcwele Waphendula umoya ka-Eli-..., e, uLazaru wabuya.

37 Isikhathi esiningi abantu bayafika, bazo zonke izinhlobo zezinto, futhi uthi, ubuza lemibuzo ehlukene. Lapha, abambalwa...UMfowethu Fred Sothmann, ngikholwa ukuthi ngiyambona emi lapho emnyango, ubesanda...Into eyodwa, ukuze nibone ukuthi ngiqonde ukuthini.

38 Asikholelwa ekuthatheni isiphiwo sikaNkulunkulu, nokwenza ibhodi elinezinhlamvu zamagama ngaso. Anifanele nenze lokho. Ezimweni nje...Futhi uNkulunkulu angeke akusebenze kanjalo, kuthatha Yena ukukwenza empeleni.

39 Abanye abangani babezombona, inqola yayikhiyiwe, wayengenakho, engakwazi ukuthola izikhiye izinsuku ezimbili noma ezintathu, wayephiyaza nje, abantu wayeza. Wabiza, wathi, "Mfowethu Branham, ngesinye isikhathi amadodana kaJese wayephandle ezingela iminyuzi, futhi abayitholanga, ngakho behlela kuSamuweli base bebuza ukuthi kwakukuphi. NoSamuweli wabatshela ukuthi i—iminyuzi yayisivele ibuyile." Wathi, "Ungambuza uNkulunkulu ngezihluthulelo na?"

40 Wathi, “Hamba uye ekamelweni lakho,” emva komkhuleko, “buka ijezi elincane obuligqokile ezinsukwini ezimbalwa ezedlule.” Zazilapho-ke izikhiye. Niyabo? Kuyini na? Kusho lento eyodwa, bangane: ukuthi uNkulunkulu usenguye nje uNkulunkulu njengoba Wayelokhu enjalo. Niyabo? Manje, si—sifanele sibambisane nalokho, sifanele sikukholwe lokho, sifanele sazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

41 Kodwa lezoziphiwo zizosebenza kuphela. . . Futhi singeke sasebenza ngomuntu ngamunye, kuthatha ukukholwa komunye umuntu ngamunye ukusebenzisa lesosiphiwo.

42 Owesifazane owathinta ingubo yaKhe, kungani abaningi babo babeMthinta, kodwa lokho *kukholwa* kowesifazane kwaMthinta. Futhi ngesikhathi sokukholwa kuMthinta, kwaku. . . Akazange ngempela aMthinte, wathinta uNkulunkulu, futhi yilokho okwaletha imiphumela.

43 Kuhlala njalo kungaleyondlela. Uma ukukholwa kwakho kungaMthinta, khona-ke lolohlobo lwesiphiwo nje nguku—ngukubona okufihlakele uNkulunkulu ukuthi ukhuluma akuphendule ngomuntu ngamunye. Ukuze ni. . . Abaningi benu baphakamise izandla zenu, okokuqala ukuba nize niKubone. Manje, uJesu wethembisa lesosiphiwo ukuba sibuyele eBandleni ngaphambi kwesikhathi sokuphela.

44 Bengikhuluma noMfowethu Demos emizuzwaneni embalwa edlule ngomBhalo, ukuthi uma nina bantu kuphela benazi, futhi ngithemba ukuthi niyazi, lapho nibona lababazalwane abakahle bamabandla amahlelo, Ama-Episcopalian, amaPresbyterian, amaMethodisti, engena ukuba athole *Lokhu*, aniwazi umBhalo wenu, kwenzekani-ke na? Ninga. . . Angiqondile ukuthetha lapho ngisukuma lapha futhi ngisho izinto, kodwa kungokokusiza nina.

45 Manje, akungaphezu kokuba ngisho lokho, uMoya oNgcwele uqala ukuhamba khona lapha manje. Bangaki abake basibona lesosithombe na? Lapho ngihlangana nani eNkantolo yokwaHlulelwa, niyabona ukuthi lokhu akunjalo yini. Lokho kuKhanya okufanayo akusiwo amafidi amabili ukusuka lapho engimi khona khona manje. Kunjalo. Kuyini na? YiNkosi evukileyo uPawulu ahlangana nayo endleleni ebheke ezansi eDamaseku, Iveza ukuPhila kwaYo. Kungcono ngihlale phansi.

46 Bangaki o, okukholwa ngempela lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Ngi—ngiyazi nikukholiwe. Omunye waleyomibono ukwenza ube buthakathaka kunokuba uma ubungama lapha futhi ushumayele amahora amathathu.

47 UJesu. . . Lapho uBaba efuna ukukhombisa umbono. . . Manje, ngenkathi uLazaru efa, uBaba wayebonise uJesu ukuthi kwakuzokwenzekani. Manje, khumbulani, uJohane 5:19, uJesu wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho E*bona* uYise ekwenza,

lokho iNdodana iyakwenza." Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Khona-ke uJesu Kristu akazange enze neyodwa into uNkulunkulu aze aMkhombise kuqala. Ngabe kunjalo na? Ngakho, "AkusiMi," Uthi, "wenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi." Manje, siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso; Kuhlala njalo kunguMoya kaNkulunkulu.

48 Manje, Ubone umbono kaLazaru, futhi waqhubeka waze Wazi ukuthi uLazaru wayesefile, futhi washo njalo, futhi wabuyela emuva. Akazange asho neyodwa into ngokuba buthakathaka. Kodwa owesifazane omncane onomopho wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, "Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi."

49 Kungani na? Lalelani, bangane, kwake kwaba nguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe noLazaru, okulandelayo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu ngokukholwa kwakhe. Niyaqonda na? Niyabo? Owesifazane, okwakhe . . . UJesu akazange asho, waphenduka wayesethi, "Awu manje, uyazi ukuthi Nginamandla, ngakho Ngikuphulukisile." Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." "Ukukholwa kwakho," ukukholwa kwakhe kwakwenza.

50 Angazi ukuthi ngingakucacisa ngokwedlulele kanjani kini, ngaphezu kokusho lokho, ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo . . . Hhayi lapha nje nami, uma nje Engaba nami futhi engabi nawe, kungani bekungeke neze kwenzeke, kuthatha mina nawe ndawonye. Ufanele ube nokukholwa, ngifanele ngibe nokukholwa. Futhi isiphiwo sifana nje nokudonsa singene e, siphume egiyeni eliphansi singene egiyeni eliphakeme. Niyabo, kungukwazi nje ukushintsha igiya, leso yisipho, kusengumuntu ofanayo, kodwa ugudluzela umphefumulo wakho eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ubone nje ukuthi Uzothini.

Manje, ngiyazi Ulapha. Uyakukholwa na? Yiba nokukholwa, themba uNkulunkulu.

51 Izolo bekunzima. Angikwazanga neze . . . Bekuyisikhathi sami sokuqala, benginovalo kancane. Bengingazi ukuthi lokhu bekulungiselela ukwenzeka. Kodwa kunabantu khona lapha manje abangaphulukiswa. Bangaki abantu abagulayo phandle lapho empeleni, enhliziyweni yakho, ozovuma ukuthi uyakhuleka khona manje na? Phakamisa isandla sakho. Impela. Niyabo? Niyabo?

52 Inenekazi elihlezi khona ngapha, likhulekela intombazanyana yalo. LinguNkk. Boggs. Ukopha, uma uzokholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho, lokho kuzoma. Uyakukholwa, Nkk. Boggs, ukuthi umntwana wakho uzophulukiswa na? Kulungile.

53 Ngibona ukuKhanya kulenga emuva lapha. Kuphezu kwendoda eqinisekile ukufa uma ingenakho ukukholwa. Isizathu salokhu, bekukhona owesifazane izolo ocele umkhuleko

walendoda. Inomdlavuza ebusweni bayo, futhi iyakhuleka. UMnu. Peterson igama layo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokuphilisa. Uzokwemukela, Mnumzane na? Uzokwenza na? Sukuma ume ngezinyawo zakho, uNkulunkulu akubusise.

54 Indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami, angikaze ngizwe ngayo, angikaze ngazi lutho ngayo. Uma—uma siyizihambi omunye komunye, Mnumzane, noma ngabe ungubani, phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo.

Niyakholwa na? Khulekani nje. Nginiphosela inselelo eGameni likaJesu. Niyabo? Yibani nenhlonipho nje umzuzu nje, khulekani nje. Wonke umuntu uyakhuleka. Yibani nokukholwa nje.

55 Bengicabanga ukuthi bekunguFlorence, kodwa akusuye, ngowesifazane osekhulile, ngumama wakho. Angikaze ngimbone, ngokwazi kwami, empilweni yami, uyisihambi kimi, kodwa phakathi kwami nawe kumi umama wakho. Uyaphuphutheka, kukhona okungalungile emehlweni akhe njengokuthi, izilazi emehlweni akhe; uyakholwa. Manje, usefiphele. Manje, Dadewethu Shakarian, uyazi angibazi abazali bakho, abantu bakini, angikaze ngibabone.

56 Kukhona inenekazi elincane elihlezi khona lapha. Linezinkinga zokomoya elizikhulekelayo. Lithi ukuba mpunga. Nkulunkulu, ungalivumeli likugeje. Likhulekela omunye futhi. Alisuye owalapha, livela kwelinye idolobha elingasogwini lolwandle. Livela eLos Angeles. Igama lalo nguNkk. Pascoe, sukuma ume ngezinyawo zakho. Awusophinde ukhathazwe, ukukholwa kwakho kukusindisile. UNkulunkulu akubusise.

Ungaphinde ukungabaze futhi. Ungaphinde ukungabaze futhi. Ulapha, ISHO KANJE INKOSI.

57 Siyaphuma umzuzwana nje, ngizobuya ngqo, kuthi nje ukungithola, nje kundiza yonke indawo, niyabo, ngizobuya umzuzwana nje, ngizobuya ngqo. [Umfowethu uqala ukucula *Konke Enginakho*. UMfowethu Branham uyabuya futhi uqala ukuhamisha—Umhl.]

58 INkosi ithe kimi ngenkathi ngibuyela emuva lapho, yathi, "Khuleka, khuleka." Ngi—ngiyazi . . . Ningacabangi ukuthi ngisangene, anginjalo, ngiyazi lapho engikhona. Manje, uma kukhona umgxeki ofuna ukugxeka, manje yisikhathi sakho sokuma.

Udade omncane lapho ovela eLong Beach, ungakhathazeki, konke sekuphelile manje, yiba nokukholwa.

59 Manje, ngifuna nje nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye. UNkulunkulu, Osho lezizinto, wazi konke ukuthi yini eqinisile. Impela, iBhayibheli . . . Umuntu angafika futhi akhulume noma yini, kungaba ngokulungile noma

okungalungile, kodwa lapho uNkulunkulu eqinisekisa ukuthi kuqinisile, khona-ke lokho kuqinisile. IZwi likaNkulunkulu liqinisile, yonke enye into ayilungile uma iphambene neZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

60 Baba wethu waseZulwini, ngenza lokhu kuphela ngokuyala kwaKho, Nkosi. Kubonakala sengathi konke kuphumile enqubweni ohlelweni olujwayelekile, kodwa ngenkathi Uye lapho ekhoneni, esakhiweni, futhi wathi, "Buyela emuva, ukhuleke," ngenza nje lokho Ongitshele ukuba ngikwenze, Nkosi.

61 Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele, ngalomzuzwana, uzonyakazisa lezizethameli ngendlela yokuthi ziyoqonda ukuthi ephilayo, iNkosi uJesu evukile uphakathi kwethu kulobubusuku, uhamba phezu kwethu, ngathi, kithi.

62 Buka, Nkosi, babeke izandla zabo phezu komunye nomunye, futhi banesidingo sikaMoya oNgcwele, banesidingo sokuphulukiswa, izinkathazo eziningi. Makuthi uNkulunkulu, Owakhuluma nje kuleyomibono, makuthi uNkulunkulu Owavusa iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, futhi uMethule kithi ngalezizinsuku zokugcina, makuthi Yena eze ngamandla okuvuka futhi aphulukise wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu, basindise bonke, futhi bagcwalise ngoMoya oNgcwele. Nkosi, nginikela lomkhuleko ngokulalela izifiso zaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

